8.5.3 indawo lapho umdayisi wasemgwaqeni othintekayo agunyazwa ukuba adayisele kuyo emgwaqeni ngokubhaliswa kwakhe, futhi uma lokho kubhaliswa kungena endaweni ehlelelwe ukudayisa, indawo edwetshiwe noma imakethe afakwe kuyo lowo mdayisi wasemgwaqeni ngokuhambisana nohlelo lokudayisa,

8.5.4 ukuchazwa kwezimpahla kanye/noma imisebenzi umdayisi wasemgwaqeni othintekayo angagunyazelwe ukuyenza ngokubhaliswa ukuba adayise noma awuhlinzeke,

8.5.5 inombolo abhaliswe ngayo, kanye

8.5.6 nanoma yimiphi eminye imininingwane engadingwa yiMithethodolobha noma okubhalwe kwimithethonqubo.

8.6 Umdayisi obhalisiwe kumele anikezwe ikhadi, elenziwe ngoqwembe, ubukhulu balo bungeqi kumasentimitha ayi- 5 ubude obungu 9 bamasentimitha, kulona okumelwe kubhalwe igama kanye nenombolo kamazisi womdayisi obhalisiwe, inombolo yokubhaliswa enikezwe lowo mdayisi kanye nemininingwane okudingeka ukuba ifakwe kwiRejista yabaDayisi baseMgwaqeni ngokwesigaba 8.5.3 kanye no 8.5.4.

8.7 Ukwenziwa kwekhasi okukhulunywa ngakho esigabeni 8.6 kufanele kube nobufakazi obuqavile bokubhaliswa komdayisi wasemgwaqeni kanye nemininingwane equkethwe kulona.

- 8.8 Ikhadi lokubhalisa okukhulunywa ngalo kwisiqephu 8.6 lingelikaMasipala ngazo zonke izikhathi futhi likhishelwa umdayisi wasemgwaqeni kuphela ongeke avumele noma agunyaze noma yimuphi umuntu ukuba adayise ngokungemthetho noma enze okunye ukuhweba okungale kwalokhu okuvunywe yile Mithethodolobha.
- 8.9 Noma yimuphi umuntu ofuna ukuqhuba ibhizinisi ngengomdayisi wasemgwaqeni kumele abhalise njengomdayisi wasemgwaqeni kuMasipala ngokoMthethodolobha.
- 8.10 Noma yinini lapho uMasipala uthola khona ukuthi umdayisi wasemgwaqeni uqhuba noma yikuphi ukudayisa kunoma kuyiphi ingxenye yendawo kaMasipala, isikhulu sikaMasipala esiqokelwe lokho kumele simkhiphele isaziso esibhaliwe ebese simnika umyalelo ngomlomo, ngolunye lwezilimi ezivumeleke kuMthethosisekelo waseNingizimu Afrika lowo muntu futhi aluqondayo ngokuphelele, ngalokho kudayisa okungahlelekile ngokuphelele akwenzayo, okufunele lokho kudayisa akufakele isicelo sokubhaliswa ngokwesigaba 8.9, futhi lesa saziso kanye nomyalelo kumele sihlizwe lowo muntu ngemininingwane eyongeziwe ezomenza ukuba akwazi ukuqonda inqubo yokubhaliswa kanye nezingqinamba zalokho njengalokhu ziqukethwe kuMthethodolobha.
- 8.11 Noma yimuphi umdayisi wasemgwaqeni ongahlelekile ngokuphelele okhishelwe isaziso kanye nomyalelo ngokwesigaba 8.10 kufanele ngaphambi kwezinsuku ezinga-60 (amashumi ayisithupha) ekhishelwe isaziso kanye nomyalelo:
- 8.11.1 Afake isicelo sokubhaliswa njengomdayisi wasemgwaqeni ongahlelekile ngokuphelele ngokwesigaba 8.9 sale Mithethodolobha, uma ehluleka noma kufanele ayekiswe ukudayisa ngokwephula lo Mthethodolobha ngaphandle uma ekuyeka lokho kudayisa ngaleso sikhathi, noma
- 8.11.2 Eletha ubufakazi kuMasipala bokuthi akasiyena umdayisi wasemgwaqeni ongahlelekile ngokuphelele.
- 8.12 UMasipala kumele, ngaphambi kwezinyanga eziyi-6 (isithupha) kuqaliswe le Mithethodolobha akhiphele bonke abantu abangabadayisi basemgwaqeni

abasendaweni kaMasipala isaziso sokwemukelwa kwale Mithethodolobha kanye nesibopho sokubhalisa ngokwesigaba 8.9, ngokuthi:

- 8.12.1 ushicilele isaziso ngolimi olulodwa lwesiNgisi kanye nolwesiZulu ephaphandabeni, omabili aphuma endaweni uMasipala akuyo, leso saziso sibe ngolimi olusetshenziswa kulelo phephandaba,
- 8.12.2 nokumisa isibalo sezaziso, ngolimi lwesiNgisi kanye nolwesiZulu, endaweni noma eduze nendawo kaMasipala okuhlelwa kuyo ukwenziwa kohlelo lokudayisa; kanye
- 8.12.3 nokusakaza emphakathini okuqukethwe yilezo zaziso ngezwi elikhulu noma ngemishini enezelela izwi endaweni noma eduze nendawo okuhlelwa kuyo uhlelo lokudayisa, futhi
- 8.12.4 ngokusakaza imininingwane equkethwe yilezo zaziso emsakazweni yasendaweni esakaza ngolimi lwesiNgisi.

8.13 Ukuhambisana nezihlinzeko zesigaba 8.12 kufanele kube nokusho kokumiswa kwesaziso kanye nomyalelo okudingeka unikelzwe umdayisi wasemgwaqeni ngokwesigaba 8.10 lapho bonke abadayisi basemgwaqeni abaqhuba ukudayisa okungahlelekile ngokuphelele ngokuqaliswa kwale Mthethodolobha, kuncike ekutheni kunoma yikuphi ukuqula enkantolo, ngokweneliseka inkantolo komdayisi wasemgwaqeni ngokuthi, ngaphandle kokuhlangabezana nezihlinzeko zesiqephu 8.12, akaziswanga ngesidingo sokuthi abhaliswe njengomdayisi wasemgwaqeni ongahlelekile ngokuphelel.

8.14 UMasipala unelungelo lokumhlawulisa umdayisi wasemgwaqeni:

- 8.14.1 imali yokudayisa ngezikhathi ezithile; kanye
- 8.14.2 nemali eyongeziwe noma intela, ezonqunywa nguMasipala ngokubona kwawo, maqondana nezimali ezongeziwe noma imisebenzi lapho umdayisi obhalisiwe edayisa endaweni yokudayisela emgwaweni.

8.15 Ukuze ufaneleke ukubhalisa, umfakisicelo:

- 8.15.1 Kumele abe ngumdayisi wasemgwaqeni ongahlelekile ngokuphelele;
- 8.15.2 Angabi ngosebhalisiwe ngengomdayisi wasemgwaqeni;
- 8.15.3 Kumele abe yisakhamuzi saseNingizimu Afrika, ngaphandle uma lowo muntu egunyaziwe ukuqhuba ibhizinisi njengomdayisi wasemgwaqeni ngokoMthetho weziFiki, 2002 (uMthetho No 13 ka 2002),
- 8.15.4 Kumele angaqashi futhi enze imisebenzi yabantu abangaphezulu kwaba yi-5 (abahlanu).
- 8.16 UMasipala kumele ubheke lokhu okwenzekayo uma ucubungula isicelo sokubhalisa:
- 8.16.1 ukwazi komfakisisicelo ukuhambisana nezikhathi zokudayisa (uma zibekiwe) endaweni ethintekayo ehlelelwe ukudayisa njengalokhu uMasipala unganquma;
- 8.16.2 isidingo sokucatshangelwa kuqala kwabantu ababencishwe amathuba phambilini;
- 8.16.3 lapho kunesibalo esilingene sezindawo zokudayisa ezidwetshelwe endaweni yokudayisa eqondene nokubhlisa, kunesidingo sokucabangela kuqala abantu abangakaze badayise emgwaqeni endaweni kaMasipala;
- 8.16.4 uhlobo lwezimpahla ezidayiswa umfakisisicelo, noma imisebenzi umfakisisicelo afuna ukuyenza, ebeke isithombe emqondweni ngohlobo lwamabhizinisi asendaweni yokudayisa noma ngokushesha endaweni akuyo;
- 8.16.5 isidingo sokucabangela kuqala abafakizicelo abangasebenzi;
- 8.16.6 isidingo sokucabangela kuqala abafakizicelo abangahlanganyele indlu nomunye umdayisi wasemgwaqeni okhona, ngaphandle uma isibalo sezinombolo zezindawo ezidwetshiwe zokudayisa endaweni yokudayisa okukhulunywa ngayo sisikhulu kunesibalo sabafakizicelo abafuna ukubhalisela lezo zindawo ezidwetshelwe zokudayisa;

- 8.16.7 Okanye umfakisicelo, ngokwale Mithethodolobha, useke waboshwa ngecala futhi/noma useke wachithwa ekutheni abe ngumuntu obhaliswayo.
- 8.17 UMasipala, ngokomthethonqubo, ungabeka leyo migomo kanye nemibandela maqondana nanoma yikuphi ukubhaliswa njengalokhu ubona kufanele, kubandakanya kepha kungagcni lapho, ilungelo loku:-
- 8.17.1 balula:
- a izikhathi zokudayisa umdayisi angadayisa ngazo;
 - b uhlobo lwezimpahla noma imisebenzi umdayisi wasemgwaqeni abhaliselwe ukuyenza; kanye
 - c nenombolo yendawo edwetshelwe yokudayisa;
- 8.17.2 ungafaka umdayisi wasemgwaqeni endaweni edwetshiwe endaweni ehlelelwe ukudayisa;
- 8.17.3 ungabalule izinhlobo zezinhlobo, uma zikhona, ezingamiswa endaweni edwetshelwe ukudayisa futhi/noma endaweni ehlelelwe ukudayisa;
- 8.17.4 ungadla izimpahla ngokwesigaba 18.5.3 esimweni lapho kunokuphambana nezihlinzeko zale Mithethonqubo noma eminye imithetho;
- 8.17.5 ungamisa ukubhaliswa komcimbi oyisipesheli ngokunikeza umdayisi wasemgwaqeni isaziso, ngaphambi kokumkhokhela, ngaphandle kokuthi ukudayisa emgaqweni kungagunyazwa nguMasipala emcimbini oyisipesheli ngokwesigaba 15;
- 8.18 Ngaphandle kwalokho ingqikithi ephathelene nanoma yiluphi uhlelo lokudayisa, uMasipala unelungelo, ngaphambi kokunikeza umdayisi wasemgwaqeni isaziso futhi nangaphandle kokuthi uMasipala umkhokhele kophethe ukubhalisa, okwesikhashana:
- 8.18.1 ukumfaka futhi umdayisi obhalisiwe,
- 8.18.2 ukumisa ukusebenza kwanoma yikuphi ukubhaliswa, noma

- 8.18.3 ukwenqabela umdayisi obhalisiwe ukuba adayise endaweni edwetshiwe yokudayisa,
- 8.18.4 uma kunesidingo sokwenza lokho uma kuvela izithiyo ezenza ukudayisa endaweni edwetshiwe yokudayisa ezenza ukuba kungasebenzeki, kungabi nokuphepha noma ngezizathu ezikahle nezizwakalayo eziphazamisayo, lezo zithiyo kufanele zibandakanye, futhi zingagcini lapho, ukulungiswa kanye nokwakhiwa kwezingqalazinda noma izakhiwo kudingeka ukuba kwenziwe nguMasipala, ukuthuthukiswa komhlaba, ukulungiswa noma ukuvuswa kabusha kwanoma yini, noma izinto ezenziwayo zomphakathi ezenziwa ngokwamandla abo kanye nemisebenzi.
- 8.19 Ukubhaliswa komdayisi wasemgwaqeni kungahoxiswa nguMbhali uma:
- 8.19.1 umdayisi obhalisiwe ngokuzivumela ngokwakhe futhi ngokubhala phansienikeza imvume yalokho kuhoxiswa,
- 8.19.2 ngokweyame ezihlinzekweni zesigaba 9, ekufeni komdayisi obhalisiwe,
- 8.19.3 esimweni lapho kudluliselwa komunye ukubhaliswa ngokwesigaba 9 kwenqatshelwa futhi umdayisi obhalisiwe ehluleka ukuqhubeka nokudayisa emgwaqeni ngokubhaliswa okwakunikwe isikhathi esithile ngemuva kwalokho kwenqatshelwa, kuncike ekutheni uMasipala kufanele engabe ukwenze lokho kubhaliswa komdayisi wasemgwaqeni ezinsukwini ezingengo ngaphansi kweziyi-14 (eziyishumi nane) ngaphambi kwesaziso sokuhoxiswa kokubhaliswa komdayisi wasemgwaqeni ngokwesigatshana, noma
- 8.19.4 izihlinzeko zezigaba 10.8 noma 18.10 zisizwa nguMasipala.
- 8.20 Noma yisiphi isinyathelo esithathwa nguMasipala ngokwesigaba 8 kumele sihambisane nezihlinzeko zoMthetho wokuGquguzelwa kokuPhathwa koBulungiswa No 3 ka 2000.

9 UKUDLULISWA KOKUBHALISWA

- 9.1 Ngokwesigaba 9, “ongaphansi kwesandla” ngaphezu kokomqondo oqukethwe ileligama umuntu oshade nomthengisi, umasihlekisana owaziwayo ngokusemthethweni womthengisi njengokulandisa komthetho iCivil Union Act No 17 of 2006, nomuntu oshade nomdayisi ngokwesiko kanye nomasihlalisane womdayisi.
- 9.2 Ubulungu bomdayisi obhalisiwe bungadluliswa ngokugcwele ngemvume ebhaliwe egunyazwe uMasipala kulowo muntu ongaphansi kwesandla somdayisi obhalisiwe noma umelekeleli omelet lo muntu ongaphansi kwesandla somdayisi ongaqhubeka njengomdayisi obhalisiwe kuze kube ukubhaliswa kwakhe kuyakhanselwa ngezizathu ezimileyo, uma kwenzeka lokhu –
- 9.2.1 Ukushona komdayisi obhalisiweyo; kanye
- 9.2.2 Ukulahleka kwenzuzo etholakala ekudayiseni kwasemgwaqeni okungabeka lo muntu ongaphansi kwesandla sakhe esimeni esibi sezimali.
- 9.3 Ubulungu bungadluliswa okwesikhashana ngemvume ebhalwe uMasipala, kulowo ongaphansi kwesandla somdayisi uma umdayisi obhalisiwe –
- 9.3.1 Engasakwazi ukuqhubeka nokudayisa emgwaqeni ngoba egula, lokhu kungenzeka uma :-
- a Kunobufakazi okuvela kudokotela okuchaza ukuthi umdayisi akakwazi ukusebenza obunikezwe uMasipala; futhi
- b Lowo ongaphansi kwesandla somdayisi noma umsizi wakhe uvumeleke ukuba abambe umdayisi sikhathi esibhalwe encwadini kadokotela;
- 9.3.2 Uma umdayisisi engakwazi ukuqhubeka nokusebenza ngenxa yokuthi kumele agcine izinto zenkolo, ezamasiko, lokhu kokwenzeka isikhathi esingangenyanga eyodwa. Umdayisi obhalisiwe kumele abuyele emsebenzini emva kokuphela kweisikhathi esingangenyanga ngaphandle uma uMasipala

egunyaza isikhathi esengeziwe ngokwehluka hluka kwezimo ezithile.

- 9.4 Ngokubheka izigaba 9.2 no 9.3, umdayisi obhalisiwe akakwazi ukudlulisela ubulungu bakhe inoma kanjani kubalwa ukuqashisa noma ukudayisa.
- 9.5 Ukudluliselwa kobulunga bokubhalisa ngokwesigaba 9.2 noma 9.3 kumele kwaziswe uMbhali okomele akushicilele phansi lokhu kudluliswa Kumqulu wabadayisa emgwaqeni akukho ukudluliswa kobulungu okuyokuba semthethweni ngaphambi kokuba kubhalwe phansi.

10 UKUDAYISA UKUDLA

10.1 Izinhlalo zalesi sigaba 10:

10.1.1 "Ukudla" kusho yonke into edliwa noma iphuzwe umuntu noma engalungela lokho noma ekhiqizwe noma engadayiselwa ukuthi idliwe abantu okubalwa kuyo noma ngabe yini eyingxenyane noma isithako sokwenza into okumele idliwe;

10.1.2 "ukuthengiswa" kusho noma ngabe yini engathengiswa noma inikezwe abathengi ngumdayisi wasemgwaqeni:

- a Noma ngabe yini ewukudla okulungiselelwe ukuba kudliwe endaweni ethile noma kuphi lapho umdayisi wasemgwaqeni aqhuba khona ibhizinisi lakhe; noma
- b Noma ikuphi ukudla okubolayo,

Kubalwa ngisho ukuthengisa noma ukunikezela ngakho:

- c Okususwa kwenye indawo kuya kwenye noma ngabe ngemoto noma ngezinye izithuthi;
 - d Emgwaqeni womphakathi noma ngabe ikhuphi lapho umphakathi ufinyelela khona; okanye
 - e Noma ngabe kuthengiselwa kumahamba nendlwana noma kwimoto emileyo,
- 10.1.3 "indawo ekhethiwe" kuqondwe indawo eqokiwe umdayisi wasemgwaqeni ukuba athengisele kuyo,

- 10.1.4 "indlela ekhethiwe yokuthutha" kushiwo uhlobo lokuthutha impahla olusetshenziswa umdayisi wasemgwaqeni aqhubela kulo ibhizinisi lakhe,
- 10.1.5 "ukudla okubolayo" kushiwo uhlobo lokudla olukhethwe Imenenja kaMasipala ebambisene noMkhandlu ngokulandela imithethonqubo yokudla okubolayo,
- 10.2 Akekho umuntu okufanele, kusukela osukwini olungemuva kwezinyanga ezisithupha kuqalise lo Mthethodolobha oyoqhuba ibhizinisi endaweni kaMasipala:
- 10.2.1 Ngaphandle uma lowo muntu kuwumdayisi obhalisiwe,
- 10.2.2 Ngaphandle uma kunombandela obekiwe ngenxa yohlelo lokubhaliswa,
- 10.2.3 Ngaphandle uma indawo ekhethiwe yokudayisela noma indlela yokuthutha igunyazwe uMasipala ngokohlobo lwalelo bhizinisi elizoqhutshwa.
- 10.3 UMBhalisi omkhulu kufanele angambhalisi umdayisi wasemgwaqeni ukuba aqhuba ibhizinisi lakhe ngaphandle uma:
- 10.3.1 Indawo ekhethiwe yokudayisela noma uhlobo lwezokuthutha lungahambisani nemithetho emisiwe ngokukaMsaipala noma nanoma iyiphi imithetho noma izimiso zokubhekela ukuphepha nezimpilo zomphakathi,
- 10.3.2 Izinto zokusebenza, indawo yokubeka, indawo yokusebenzela, isakhiwo, izimoto, izinto zokuthutha noma ngabe yini esetshenziselwa ukulungiselela ukudla, ukuphatha ukudla noma ukuthengisa ukudla, kubalwa nokudla okubolayo kuhambisana nemogomo yanoma imuphi umthetho ophathelene nokuphepha nezimpilo zomphakathi;
- 10.3.3 Uma umfakisicelo sokubhaliswa kunguye ozongamela nozolawula indawo ekhethiwe yokudayisela noma ngomunye umuntu ozongamela kufanele lowo muntu abe sesimeni sokuqhuba ibhizinisi, kungaba ukuziphatha kwakhe noma okunye kufanele

kube ukuthi akaze abe necala elisegameni lakhe esikhathini esiphambili;

- 10.4 Ngokwezinhloso zesigaba 10.3, UMbhalisi omkhulu angafaka isicelo emaphoyiseni (South African Police Services) ukuthi athole yonke imininingwane maqondana namacala (uma ekhona) abhekene nabafake izicelo noma umuntu okukhulunywe ngaye lapha kusigatshana 10.3.3.
- 10.5 Ngokwezinhloso zalo mbiko nanoma iliphi iphoyisa lingacela ukuba umuntu ofake isicelo noma omunye othintekayo ukuba aze ngaphambili nalolu lwazi kanye nemininingwane (kubalwa izithombe zezithupha, izandla, noma izinyawo) lokho okoshiwa yiphoyisa ngokubheka isimo.
- 10.6 UMbhalisi omkhulu angasigunyaza isicelo sokubhaliswa ngaphansi kwalezi zimo:
- 10.6.1 Indawo ekhethiwe yokudayisela noma isithuthi esithintekayo asihambisana nayo yonke imithetho ebalulwe esigabeni 10.3.1,
- 10.6.2 Izinto zokusebenza, indawo yokubeka, indawo yokusebenzela, isakhiwo, izimoto, izinto zokuthutha, izinto zokusebenza nendawo yokusebenzela kuhambisana nemigomo emisiwe ebalulwe esigabeni 10.3.2, futhi
- 10.7 UMbhalisi omkhulu, ngokwakhe, ngokucelwa uMasipala noma umdayisi wasemgwaqeni othintekayo emva kokumnika ithuba lokuba abeke uvo lwakhe
- 10.7.1 Angachibiyelo imigomo;
- 10.7.2 Angachitha imigomo;
- 10.7.3 Angakhombisa ukuthi imigomo ebalulwe njengemigomo yokubhaliswa okumele ilandelwe.
- 10.8 UMasipala nanoma isiphi isikhathi, ngemva kokunika umdayisi wasemgwaqeni ithuba lokuzwakalisa ilaka lakhe, lokukhishwa noma lokumiswa kokubhalisa kwalowo mdayisi wasemgwaqeni obhaliswe ngezizathu zokuthi:
- 10.8.1 Indawo ekhethiwe yokudayisela noma izinto zokuthutha zingahambisani nezimiso ezibalulwe esigabeni 10.3.1,

- 10.8.2 Inoma ikuphi ukudla kubalwa nalokhu okubolayo okudayiswa umdayisi obhalisiwe uma kungahambisani nemithetho ephathelene nempilo yomphakathi;
- 10.8.3 Inoma iziphi izinto zokusebenza, indawo yokubeka, indawo yokusebenzela, isakhiwo, izimoto, izinto zokuthutha noma yini esetshenziselwa ukulungiselela, ukuthengisa ukudla engahambisani nemithetho ephathelene nempilo yomphakathi.
- 10.9 Uma uMasipala ethatha isinqumo sokwenqaba isicelo sokubhaliswa noma ukhipha noma umisa lokho kubhaliswa, ngesikhathi uqala nje ngokushesha ukwenza lokho—
- 10.9.1 Wazise umfakisicelo noma umdayisi obhalisiwe othintekayo ngesinqumo osithathile ngokuthi umbhalele;
- 10.9.2 Unike umfakisicelo noma umdayisi othintekayo ngezizathu ngesinqumo sawo;
- 10.9.3 Wazise umfakisicelo noma umdayisi othintekayo ngelungelo lakhe lokukhalaza ngaphansi kwesigaba 17.
- 10.10 Ukubhaliswa komdayisi wasemgwaqeni oqhuba ibhizinisi elithile komele alandele yonke imithetho eqondene nabadayisi emabhizinisini anhlobonhlobo, indawo yokuthengisela noma izinto zokuthutha.

11 ISIBOPHO KUBANIKAZI BEZINDAWO OKUNGEZONA EZIKAMASIPALA

- 11.1 Umnikazi wendawo okungeyona kaMasipala eklanywe njengendawo yokuqhuba ibhizinisi ezinhlelweni zikaMasipala okumele kudayiselwe kuyona kumele:
- 11.1.1 Aqinisekise ukuthi ukudayisa kwasemgwaqeni okwenzeka endaweni yakhe kuhamba ngaphansi kwezinhlelo zikaMasipala futhi kulandela lo Mthethodolobha;
- 11.1.2 Avumele wonke umsebenzi kaMasipala endaweni yakhe ozoqapha ukuthi imigomo yalo Mthethodolobha iyalandelwa;

- 11.1.3 Aqinisekise ukuthi kukhona zonke izidingo zokuhlazeka kuleyo ndawo futhi kuyizindleko zakhe ukugcina indawo isesimeni esihle maqondana nezimiso zokudayisa kwasemigwaqeni;
- 11.1.4 Aqinisekise ukuthi ukudayisa kwasemigwaqeni akukapakeli endaweni kamakhelwane noma endaweni yelinye ibhizinisi;
- 11.1.5 Ahambisane nayo yonke imigomo equkethwe kunoma yiziphi izivumelwane okukhulunywe ngazo esigabeni 5.2.

12 OKUJWAYELWE UKWENQATSHELWA UKUDAYISWA EMGWAQENI

- 12.1 Ngokweyame ezinhlelweni zalo Mthethodolobha kanye nanoma iyiphi imithethonqubo eyenziwe ngokwesigaba 24, ukudayisela emgwaqeni ngeke kwenzeke lapho:
 - 12.1.1 Kuvimbela ukufinyelela kuzinto zokucima umlilo;
 - 12.1.2 Kuvimbela ukungena nokuphuma ebholidini;
 - 12.1.3 kuvimbela ukuhamba kwabantu endleleni; noma
 - 12.1.4 kuvimbela ukuhamba kwezemoto.
 - 12.1.5 Kuvimbela ifenisha yasesitaladini, amasheltha namabhentshi asezitobhini zamabhasi, olayini, imigqomo kadoti, noma ngabe yini okumele isethsensiswe umphakathi;
 - 12.1.6 kuvimbela ukubonakala kokukhonjiswe emawindini asezitolo, umuntu noma izinto zalelobhizinisi;
 - 12.1.7 kuvimbela abantu ukuba badlule endaweni yokuwela abantu;
 - 12.1.8 kuvimbela ukngena emotweni;
 - 12.1.9 kuvimbela izimpawu zomgwaqo;
 - 12.1.10 kuvimbela ukufinyelela kwimishini yokukhipha imali (automatic teller machine);
 - 12.1.11 kunciphisa indawo yokupaka nendawo yokwethulela izimpahla noma ezinye izindawo zezimoto; noma

- 12.1.12 kuvimbela ukuhamba kwabantu emihubheni nasenxanxatheleni yezitolo.

13 OKUNGAVUMELEKILE UKUDAYISWA EMGWAQENI

- 13.1 Akekho muntu ovumelekile endaweni kaMasipala noma kuyiphi indawo engaphansi kwezinhlelo zokuqhuba ibhizinisi ukuba:

- 13.1.1 aqashe omunye umuntu ngaphandle kwezimo ezithile, abe inkontilaka ezimele noma i-agent, ingane okuphikisana nomthetho, noma ukuvumela ukuqashwa komuntu okuphikisana nomthetho;

- 13.1.2 aqhube ibhizinisi emgwaqeni womphakathi noma kuyiphi indawo yomphakathi ngaphambi kokuba athole imvume ebhaliwe ephuma kuMasipala:

a ukuba ahlale noma alale ubusuku bonke endaweni yokudayisela; noma

b ukwakha noma isakhiwo esinjani, ngaphandle kwaleso esisohlelweni noma ukwenza indawo ibe sesimeni sokugoba amadlangala;

- 13.1.3 aqhube ibhizinisi lokudayisa emgwaqeni ngendlela:

a eyenza inkinga;

b eyonakalisa noma ebulala umgwqo noma indawo yomphakathi noma iyiphi indawo yomphakathi noma impahla kaMasipala; noma

c ukwenza inkinga yokuvimbela ukuhamba kwezimoto emgwaqeni;

- 13.1.4 Ukumisa noma yini ebholidini, esakhiweni, kwipavement, esihlahleni, kwiparking mitha, isigxobo sikagesi, isigubhu socingo, isigxobo seposi, izimpawu zomgwao, irobhothi, amabhentshi, noma iyiphi ifenisha esesitaladini noma yini ebekiwe emgwaqeni

noma endaweni yomphakathi ebekelwe ukuba isetshenziswe umphakathi;

- 13.1.5 Ukubasa umlilo inoma ikuphi noma lapho kungenzeka khona ube yingozi komunye umuntu noma ushise amabhilidi noma izimoto noma iziphi izakhiwo ezibalwe esigabeni 0;
- 13.1.6 Ukudiliva noma ukunikezela ngezimpahla noma izinto zokusebenza kumdayisi wasemgwaqeni uma umdayisi ephambana nemigomo yalo Mthethodolobha; kanye
- 13.1.7 Emva kokuba uceliwe ngumuntu wezomthetho ukuba avule indlela noma indawo bese eyehluleka ukususa izimpahla zakhe noma anqabe ukwenza lokho.

14 UKUSUSWA KWEMFUCUZA, UKUHLANZA KANYE NEZEMPILO

14.1 Umdayisi wasemgwaqeni kumele –

- 14.1.1 Aqoqe wonke udoti, nayo yonke imfucuza edale ke ngesikhathi edayisa akufake ezikhwameni nasendaweni ezifanele ngezinhlobo zikadoti njengokusho kwenqubo kaMasipala;
- 14.1.2 Agcine indawo asebenzela kuyo ihlanzekile ngazo zonke izikhathi;
- 14.1.3 Zonke izinsuku uma esevala ukuthengisa asuse wonke udoti, izinto zokusebenza izinto zokufaka nakho konke okunye okusetshenzwa ngakho emgwaqeni nasendaweni yomphakathi ngaphandle uma uMasipala enikeza imvume ebhaliwe maqondana nalokhu;
- 14.1.4 Aqhube ibhizinisi ngendlela engabeki umphakathi encupheni noma izimpilo kanye nokuphepha komphakathi; kanye
- 14.1.5 Asuse izimpahla zakhe uma ecelwa abomthetho noma umsebenzi kaMasipala ukuthi asuse noma ngabe izimpahla zini uma ecelwa khona kuzoklinwa kuleyo ndawo.

15 IMICIMBI EYISIPESHELI

15.1 UMasipala angakhipha noma avimbele abadayisi basemgwaqeni ukuba

badayise kulemicimbi eyisipesheli uma ebona kufanele. Ngale kokulandelwe kwemigomo yezinhlelo zokuqhuba ibhizinsi noma izimvume zikhishwe kabusha maqondana nohlelo lwendawo yokudayisela.

16 IMIGOMO KANYE NENQUBOMGOMO

16.1 UMasipala nanoma isiphi isikhathi angashicilela imigomo noma inqubomgomo maqondana nokudayisa emgwaqeni endaweni kaMasipala.

17 IZIKHALAZO

17.1 Umuntu obona ukuthi ilungelo lakhe liphazamisekile ngenxa yesinqumo esithathwe uMasipala ngenxa yalo Mthethodolobha nangenxa yomsebenzi noma amandla agunyaziwe angadlulisela isikhalazo esiphikisa isinqumo phamabili ngokwesigaba 62 somthetho i-the Systems Act.

18 UKUPHOQELELWA

18.1 Umuntu womthetho anganikeza umuntu isexwayiso esibhaliwe uma ebona ukuthi kudayiswa izimpahla noma kuphathwa izimpahla noma kwenziwa izinto eziphambene noMthethodolobha nanoma imuphi omunye umthetho uma enza noma yini ephikisana nezimiso zokubhalisa komdayisi wasemgwaqeni maqondana nendawo yokudayisela.

18.2 Isexwayiso esibhaliwe kumele:

18.2.1 Sikhishwe isikhulu esisemthethweni sisisayine futhi sifake nosuku,

18.2.2 Sisho namandla omuntu womthetho okumele asayine futhi akhiphe isexwayiso,

18.2.3 Isexwayiso siveze umthetho owephuliwe,

18.2.4 Sisho ubunjalo besigwebo maqondana nomthetho owephuliwe uma kuphindwa wephulwa umthetho, kubalulwe nokuthathwa kwezimpahla uma kunesdingo , kanye

- 18.2.5 Kubhalwe kucaciswe inamba yasemsebenzini yomuntu wezomthetho kanye nekheldi lalapho asebenza khona ukuze athinteki ngezikhathi zomsebenzi.
- 18.3 Isexwayiso esikhishiwe siyophelelwa isikhathi ngokwesigaba 18.1 emva kwezinyanga ezisithupha kusukela kusuku esakhishiwa ngalo.
- 18.4 Ikhophi ebhaliwe yesexwayiso esayinwe umuntu wezomthetho onegunya lokwenza lokhu ngokulandisa kwesigaba 18.2.1, kofanele ngokwesikhathi samahora angamashumi amabili nane (24) emva kokukhishwa kwesixwayiso ngokulandisa kwesigaba 18.1, ukuthi kumele sinikezwe uMbhali omkhulu ukuze ashicilele lokho okushiwo isexwayiso kumqulu okukhulunywe ngawo esigabeni 8.3.1.
- 18.5 Uma kwenzeka ukuthi umuntu uyaqhubeka nokwenza lokho abexwayiswe ngakho zingaka pheli izinyanga ezisithupha okukhulunywe ngazo esigabeni 18.3, noma etholakala esenezixwayiso ezimbili noma ngaphezulu ngokwesigaba 18.1 esikhathini esingangezinyanga ezishumi nesishagalombili, umuntu wezomthetho anga:
- 18.5.1 Dlulisela emaphoyiseni lokhu kuphulwa komthetho khona ezophenya futhi kushushiswe,
- 18.5.2 Uma lowo muntu kungumdayisi wasemgwaqeni obhalisiwe, enikezwa isexwayiso esibhaliwe, kungamiswa ubulungu bakhe okwesikhashana, esimeni lapho:

- a Umuntu wezomthetho kumele asayine futhi afake usuku kuleso sexwayiso esikhishwayo,
- b Sazise igunya lamandla alowo muntu womthetho okumele amise ukubhaliswa,
- c Ukwazisa ngesimo sokuphulwa komthetho okubhalwe kwisixwayiso, kanye,
- d Kubhalwe kucace inamba yocingo kanye nekheli kwalapho kusebenza khona umuntu wezomthetho khona engathintwa ngezikhathi zomsebenzi.

18.5.3 Ukubanjwa kwezimpahla, zomdayisi wasemgwaqeni noma ngabe ubani osebenzayo ngesikhathi ethengisa, okungaba inoma yini, kungabalwa kuphela izimpahla ezisetshenziswayo, izakhiwo, izimoto ezisetshenziselwa ukuqhuba lelibhizinisi, umuntu wezomthetho kufanele enze lokhu:

- a Abhale uhla lwazo zonke izimpahla ezibanjiwe ;
- b Asayine futhi afake usuku kuloluhlu lwezimpahla,
- c Anikeze lowo muntu ikhophi esayiniwe futhi enosuku yaloluhlu lwezimpahla ezibanjiwe, ngolimi aluqondayo kwezinye zezilimi ezisemthethweni eRiphabliki yaseNingizimu Afrika aluqondayo;
- d Anikeze lowo muntu isexwayiso esibhaliwe sasayinwa safakwa nosuku, sicacisa:
 - i. Isizathu sokubanjwa kwempahla,
 - ii. Ikheli lalapho izimpahla zizobe zigcinwe khona uMasipala,
 - iii. Indlela angayilandela lowo muntu ukuthola izimpahla zakhe ezibanjiwe, kubalulwa nenani lemali yokukhokhela lezi zimaphla ezibanjiwe,
 - iv. Ilungele lokudlulisela loludaba enkantolo uma umuntu enganelisekile ngendaba yokuthathwa

kwezimpahla nanoma ikuphi okunye maqondana nalokhu,

- v. Izimiso ezibalulwe esigabeni 22, kanye
- vi. Ukumema lo muntu ukuba azokwethula udaba lwakhe kuMasipala ngokulubhala phansi noma alusho ngomlomo esikhathini esingangezinsuku ezingamashumi amathathu (30) maqondana necal abekwe lona, nokuthathelwa kwezimpahla nanoma ikuphi okunye okusondelene nalokho. Uma umuntu ekhatha ukuzobeka udaba lwakhe ngomlomo uMasipala kumele enze onke amalungiselelo aqondene nalokho.

- e Abeke ngokushesha zonke izimpahla ezibanjiwe kuleyo ndawo elungiselwe lokho nguMasipala, kanye

18.6 Ikhophi yesexwayiso okukhulunywe ngayo esigabeni 18.5.3.d, esayinwe umuntu wezomthetho ofanele ukwenza lokho, kumele ibe isidluliselwe kuMbhalisi omkhulu ngaphambi kokuphela kwamahora amashumi amabili nane (24) emva kokuba esenikeziwe lowo muntu. Umbhalisi omkhulu kofanele ashicilele phansi kumqulu imininingwane yalesi sexwayiso ngokwesigaba 8.3.1

18.7 Uma ngokomphumela wokudlulisela lesi sexwayiso emaphoyiseni ngokulandisa kwesigaba 18.5.1:

18.7.1 Uma umuntu engabekwa cala ngaphansi kwale Mithethodolobha noma ebekwa icala lo muntu kodwa aliwine icala enkantolo, uma esekhipha ikhophi yohlu lwezimpahla ezithathiwe okukhulunywe ngayo esigabeni 18.5.3.a eseyinika uMbhalisi omkhulu kanye nomazisi wakhe nemali okumele ayikhokhe yokugcinwa kwezimpahala, uMasipala uyokhulula izimpahla ezibanjiwe,

18.7.2 Uma etholakale enecala ngaphansi kwale Mithethodolobha, nenkantolo yamthola enecala, nangaphezulu kwenhlawulo ebalulwe esigabeni 23.1, ukuthi izimpahla ezibanjiwe

mazibuyiselwe kumnikazi noma zidayiselwe umphakathi esidlangaleleni.

- 18.8 Uma inkantolo ikhipha umyalelo othi izimpahla azidayiselwe umphakathi esidlangaleleni, lokhu kudayiswa kokwenzelwa uMasipala, emva kokususwa kwezindleko zokubanjwa kwempahla kanye nezindleko zokudayisa esidlangaleleni, okusele uma kukhona kungakhokhelwa umnikazi wezimpahla.
- 18.9 Uma izimpahla ezibanjiwe kuwukudla okubolayo, uMasipala ngokushesha angazisa umnikazi wezimpahla ngokuthi uzofaka isicelo esiphuthumayo enkantolo sokuthola igunya lokuchitha lezi mpahla ngokulandela umlayelo wenkantolo maqondana nalolu daba.
- 18.10 UMasipala angakhipha isaziso esisa kumdayisi wasemgwaqeni maqondana nokumisa ukubhaliswa kwalo mdayisi wasemgwaqeni uma enza lokhu okulandelayo:
- 18.10.1 Engahambisani nemigomo yokubhaliswa kwakhe noma kanye nale Mithethodolobha noma nayiphi eminye imithetho;
- 18.10.2 Uma ebanjwe edayisa izimpahla ezingekho emthethweni noma enza noma yini ephikisana nomthetho; noma
- 18.10.3 Uma ekhohlisa uMasipala ngokumnika ulwazi olungeyilona.

ISAPHLUKO 4 – IZINHLANGANO EZIMELE ABADAYISA EMGWAQENI

- 19 INQUBO YOKUSUNGULWA IZINHLANGANO ZABADAYISA EMGWAQENI.
- 19.1 Uma umsaipala ethola isicelo okukhulunywa ngaso esigabeni 20.1 ngokweziphakamiso zoMkhandlu —
- 19.1.1 Ukwamukela inhlangotho yabadayisa basemgwaqeni, noma
- 19.1.2 Ukwamukela ukuchibiyela komthethosisekelo wenhlangotho yabadayisi basemgwaqeni.
- 19.2 UMasipala anga—

- 19.2.1 Cela lowo muntu ofake isicelo ngokwesigaba 20.1 ukuba alethe leyo mininingwane edingwa uMasipala ngokulandela okushiwo isigaba 20.1, kanye
- 19.2.2 Cela imenenja kaMasipala ukuba yenze uphenyo maqondana—
- 19.2.3 Nokusungulwa kwenhlangano yabadayisa emgwaqeni; noma
- 19.2.4 Nesicelo esifakiwe ngokulandela isigaba 20.1.

20 ISICELO SOKUSUNGULA INHLANGANO YABADAYISA EMGWAQENI.

20.1 Isicelo sokwemukelwa kwenhlangano yabadayisi basemgwaqeni kumele sibe nalokhu—

- 20.1.1 Izizathu zokufaka isicelo;
- 20.1.2 Igama elicatshangwayo kanye nendawo inhlangano efisa ukusebenzela kuyo;
- 20.1.3 Izinto okucatshangwa ukuthi zizokwenziwa inhlangano;
- 20.1.4 Ukuchazwa noma ukuhlongozwa kwezinto ezingadayiswa noma indawo okucatshangelwa ukuthi ingakulungela lokho okufiswa inhlangano;
- 20.1.5 Umthethosisekelo ohlongozwayo wenhlangano,
- 20.1.6 Uhlu noma izigaba zamagama abantu abangase babe amalungu alenhlangano; kanye
- 20.1.7 Kufanele kube namagama abantu okuxoxisanwe nabo azoba ubufakazi bokuthi kube nokubonisana maqondana nalesi sicelo futhi kuvele nezinhloso zabo mayelana naloludaba lwesicelo.

20.2 UMasipala angalekelela umuntu obhala lesi sicelo.

21 UMTHETHOSISEKELO WENHLANGANO YABADAYISA EMGWAQENI

21.1 Ukuze umthethosisekelo wenhlangano edayisa emgwaqeni yamukeleke kuMasipala kufanele ibe nalokhu okungenani—

- 21.1.1 Kuvele imininingwane egcwele maqondana nemisebenzi yenhlangano esemqoka kanye naleyo emincane;

- 21.1.2 Indlela, inqubo kanye nokudingekayo ukuze kwamukelwe ilungu elisha enhlanganweni;
 - 21.1.3 Indlela yokuvota kwamalungu;
 - 21.1.4 Inqubo yokumisa ubulungu;
 - 21.1.5 Inqubo yokukhetha ikomiti labaphathi benhlangano;
 - 21.1.6 Inqubo okumele ilandelwe ukuqasha abasebenzi benhlangano;
 - 21.1.7 Inqubo okumele ilandelwe uma kubolekwa imali;
 - 21.1.8 Inqubo yokuchibiyela umthethosisekelo, kanye
 - 21.1.9 Izimali okumele zikhokhwe amalungu enhlanganweni.
- 21.2 Umthethosisekelo kumele uzifake ezinye izinto ezingadingwa umasiapala futhi kufanelwe zamukelwe amalungu enhlangano bese zigunyazwa uMasipala ngaphambi kokuba kulandelwe izimiso zalo Mthethodolobha.
- 21.3 Umthethosisekelo owamukelwe inhlangotho yabadayisi basemgwaqeni ibophezela wonke amalungu.

22 UMSEBENZI WENHLANGANO YABADAYISI BASEMGWAQENI

- 22.1 Ngaphezu kwemisebenzi ekumthethosisekelo yenhlangano yabadayisa emgwaqeni, ingenza omunye umsebenzi ngokucelwa uMasipala uma eyamukelile leyo nhlangano, ingenza lowo msebenzi njengo muntu wesithathu njengoba kusho isigaba 5.5.2 salo Mthethodolobha futhi kofane kube nesivumelwano esibhalwe phansi phakathi kuka masipala naleyo nhlangano yabadayisi basemgwaqeni abathintekayo.

ISAPHELA 5 – UKWEPHULA UMTHETHO NENHLAWULO

23 UKWEPHULA UMTHETHO

- 23.1 Umuntu ophule umthetho unecala futhi kufanele ahlawule ngemali engadluli kuzi R5,000.00 (izinkulungwane ezinhlanu zamarandi) noma aboshwe isikhathi esingaphezulu kwezinyanga ezi 3 (ntathu), ngokulandela umthetho i-Adjustment of Fines Act, No 101 of 1991, uma lowo muntu:

- 23.1.1 Enza okuphambene nezimiso zalo Mthethodolobha, imigomo esesigabeni 2.4, noma ehluleka ukugcina izimiso ezibekiwe;
- 23.1.2 Esabisa, enqaba noma aphazamisa umuntu womthetho noma umsebenzi kaMasipala ukuba enze umsebenzi wakhe osemthethweni ngokusho kwalo Mthethodolobha; noma
- 23.1.3 Enikezela ngenhloso ulwazi olungesilona iqiniso enzela ukudukisa umsebenzi wezomthetho noma kaMasipala,

ISAPHLUKO 6 – IMITHETHO

24 IMITHETHONQUBO

- 24.1 Imenenja kaMasipala ngokwegunya alinikezwa uMkhandlu angashicilela kusomqulu wesifundazwe umthetho ongaphikisani nezimiso zaloMthethodolobha:
 - 24.1.1 Maqondana nanoma iluphi udaba okumele lwaziswe ngesimo sale mithetho kamsipala,
 - 24.1.2 Beqinisekisa eminye imisebenzi noma bengeza imisebenzi kambhalisi omkhulu noma inhloko yomnyango kaMasipala eyengamele ukuthuthukiswa komnotho wendawo,
 - 24.1.3 Ukuqinisekisa ukuthi uMbhalisi omkhulu noma inhloko yomnyango kamsipala eyengamele ukuthuthukiswa komnotho wendawo benza kahle imisebenzi yokwengamela njengokulindisa kwale mithetho kamsipala.
 - 24.1.4 Belungiselela ukusungulwa kwekomiti lezoluleko maqondana nezinhlelo zezindawo zokudayisela, ukhethwa kwamalungu kanye namaqhaza abazowabamba;
 - 24.1.5 Behlela indlela nemigomo yokubheka ukuthi yonke imisebenzi ebalulwa ile mithetho kaMasipala yenzeka ngokwezimiso zokuqaphela nokujezisa lapho kufanele khona;

- 24.1.6 Nanoma ikuphi okunye okudingekayo noma okuphuthumayo ukuze kulandelwe ukuze kuqaliswe ngendlela noma kusingathwe lemithetho kamasiapala.
- 24.2 Inoma imuphi omunye umthetho othinta ezezimali kufanele kuxhunyanwe nomphathi wezimali zikaMasipala (Chief Financial Officer of the Municipality).
- 24.3 Ngaphambi kokushicilela nanoma imuphi umthetho okukhulunywe ngayo kwisigatashana 24.1, UMasipala kumele ushicilele umthethohlongozwayo kusomqulu wesifundazwe khona umphakathi uzokwethula imibono yawo,

ISIHLUKO 7 – OKUXUBILE

25 UKULEKELELWA KWABADAYISI BASEMGWAQENI

- 25.1 UMasipala kumele aqashe umuntu okwaziyo ukukhuluma ulimi lwebele lwabadayisi basemgwaqeni abangafundile noma abangakwazi ukuqonda injongo nemiphumela yeimngomo yalemithetho kamsipala kanye nayo yonke eminye imithetho engasiza umdayisis wasemgwaqeni ukuze athole ukuphatheka ngendlela okuyiyona yona njengokulandisa kwelimithetho kamsipala. Umsebenzi kaMasipala kuafanele ngazo zonke izikhathi angathathi icala uma elekelela futhi agcine izimfihlo atshelwe zona ngazo zonke izikhathi ngaphandle uma egunyazwe umdayisi ukuba azikhiphe.

ISIAHLUKO 8 – UKUCHITHWA KWEMITHETHO KANYE NEZINHLELO ZESIMO ESIGUQUKAYO

26 UKUCHITHWA KWEMITHETHO

To be inserted

27 AMALUNGISELELO EZINGUQUKO

- 27.1 Ngokungaphikisani nokuphasiswa kwalemithetho kaMasipala:
- 27.1.1 Konke okuvezwa umthetho Businesses Act No 71 of 1991 ngendawo engaphansi kukaMasipala lapho kudayiswa khona

ezitaladini, abaqhuba izinqola, abadayisa ngokungena ezindlini bangavinjelwa noma bamiswe, kuze kuba umsaipla ubanohlelo lokuqhutshwa amabhizinisi aloluhlobo ngkwalo mthetho kamsipala;

27.1.2 Uma umdayisi wasemgwaqeni ebesenayo imvume yokuthengisa kuleyo ndawo athengisa kuyo ngaphambi kokuphasa kwalomthetho kamsipala, uyoqhubeka ngaleyo mvume kuze kube umasipla uqalisa uhlelo lokuqhuma amabhizinisi maqondana naleyo ndawo, noma koze kuphele isikahathi salesosivumelwano noma ikuphi okokwenzeka kuqala.

27.2 Umuntu oqashisiwe okukhulunywe ngaye esigabeni 27.1.2, isivumelwano sikhangakhanselwa ngenxa yokuthi indawo asebenzela kuyo ingaphansi kohlelo lwezindawo zokuqhuba ibhizinisi, anganikwa elinye ithuba lokuba afake isicelo kabusha sokuqhubeka asebenza endaweni yakhe noma athole imvume yokuthengisa emgwaqeni noma kuphi lapho kuvulwe khona imakethe ngokulandela imigomo yohlelo lwezokuqhuba ibhizinisi.

ISAPHLUKO 9 – UKUQALISWA

28 UKUQALISWA KWALE MITHETHODOLOBHA

28.1 Le Mithethodolobha iyoqaliswa mhla isishicilelwe kusomqulu wesifundazwe ngokwezimiso zesigaba 13(1) zomthetho i- Systems Act, okuqokethwe isigaba 12 no 13 okusho ukuthi uyoqaliswa ngosuku olungemuva kwezinyanga ezisithupha ushicilelwa.